

PULA IMVULA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



GRAIN SA
GRAAN SA

UMEYI
2015

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

Funda Ngaphakathi:

- 04 | Impahla enhle – ukuthenga imishini okuvumelekile
- 06 | Isikimu se-Omnia soku-Thuthukiswa kwaMafama
- 08 | Zilungiselele uma uya ekuqulweni kwecala kwa-CCMA

IZINKONTILEKA...

okumele kucatshangwe ngako

Sonke ngiyethemba siyazi lokhu okushiwoyo uma kuthiwa “amafama abekelwa amanani, awabeki amanani”. Cishe kuzo zonke izimboni, izindleko ezithwalwa yinhlangano yizona ezibeka inani lokudayiswa kwemikhiqizo.

Amafama awanalo izwi uma kuza ekudayisweni kwezilimo zabo. Umanyolo, imbewu, amakhemikhali, udizili kanye nezindleko zemishini ziyakhuphuka minyaka yonke – kepha konke lokhu akubi namthelela enanini lezinhlamvu.

Amafama asafufusa wona-ke azithola empintshekile kakhulu uma kuza ekutholeni imali yokuthenga impahla yokulima – ikakhulukazi ngoba naku phela banemihlaba emincane. Umhlaba omncane uyabiza (ihlektha ngalinye). Izikhungo ezibolekisa ngezimali, ngisho nohulumeni imbala, kumele bacabange ngamandla omfama okukwazi ukukhokhela imali leyo uma ebolekwa ngoba loko kuyindlela yokwenza ibhizinisi. Lena-

ke ngenye yezinselelo ezinkulu amafama amancane nasathuthusa abhekene nayo. Kunzima ukuthola imali yokubolekwa.

Ngaleso sizathu sekuqubuke enye “imboni” – **ukunkontileka**. Abanye osonkontileka bangamafama qobo, wona asiza omakhelwane uma eyabo imihlaba isihlakuliwe. Amanye amafama aseshintshela amabhizinisi abo ukuba bankontileke. Osonkontileka abancane bona sebesungule amabhizinisi ngenhloso kuphela yokunkontileka, begxile kakhulu ekuqashiseni imishini emikhulu. Ubungozi bokusebenzisa usonkontileka buncane kunalobo bokuzenzela mathupha.

Osonkontileke badlala indima enkulu kwezilimo. Kephela noma kunjalo kunokwesaba ukuthi amareytheni osonkontileka angaba phezulu ngokweqile – angafinyeleleki kumafama amaningi. Osonkontileka kumele baqaphele ukuba “**bangabi nesihawu**”. Okwamanje, amareytheni ehlektha ngalinye ayahluka kakhulu esifundeni ngasinye. Loku kuyazwisiseka uma kuvunwa, izivuno ziyehluka ezindaweni





UGOGO JANE UTHI...

Ukulima kuyibhizinisi elixakile, lokhu sikufunda nsuku zonke. Amazwi acashuniwe kule nyanga ayiqiniso – ukuthi kumele sifunde emaphutheni akudala bese senza amaphutha amasha (uma ngabe sizokwenza amaphutha). Uma siqhubeka senza amaphutha afanayo njalo singafundi kuwona ngeke saqhubekela phambili nhlobo.

Kungekudala nje ngiye ngavakashela amafama ahlukenene eMpumalanga, eMpumalanga neKapa, eFrey-stata kanye naKwaZulu-Natali – kusukela kumafama alima ihektha elilodwa kufikela kulawo alima amahektha angaphezu kwama-500. Amafama aqhubekela phambili yilawo afunda emaphutheni akudala (noma amaphutha abanye) futhi baphokophelele ukwenza ngcono unyaka nonyaka. Ukulima kuhlala njalo kuyinselele njengoba amasizini engafani okwenza njengomfama ungabi naso isiqiniseko saloko okumele ukulindele. Kepha laba abaphumelelayo yilabo abaqinisekisa ukuthi benza konke okusemandleni abo ukufinyelela ebuhleni obuphelelisiwe – ukulungiselelwa komhlaba okuhle, ukutshala imbewu enhle uyiqhelelanise ngokufanele ukuze imile kahle, ukuchelela umanyolo ngokwezincimo, ukuchelela ukhula phambi kokuba lumile kuze kuqinisekiseke isilimo, ukuthatha izeluleko ngezokudayisa, ukunakela impahla futhi uhwebe ngokusemthethweni.

Ngeshwa-ke kukhona abantu abayohlale beza- ma ukuthatha Izindlela ezinqamulelayo zona okulula ukuzibona – imihlaba ingcolile wukhula olumilayo, umbala wesitshalo awuthokozisi kanti-ke izitshalo ziningi kakhulu noma zincane kunaloku okulindelekile. Kukhona futhi nalabo abacabanga ukuthi bangasebenzisa ubugebengu uma behweba bese bangabanjwa. Yinye qha indlela yokuphumelela empilweni kanti leyo ukucabanga ngendlela efanele, ukukhuluma iqiniso kanye nokwenza okufanele – ekugcineni kunenzuzo enhle futhi uzoba ngumuntu onesasa nothembekayo. Uzohlonishelwa imizamo yakho kanye nalokho okuhle okumele.

Sekuyisikhathi sokuthola umvuzo wesizini edlule. Ngizwelana namafama asezindaweni zasenyakatho wona athole isilimo esingesihele – umkhuleko wami ukuthi nikwazi ukulima futhi nithole isilimo esihle ngonyaka ozayo. Nina enithole isilimo esihle – sithokozeleni bese nibeka okunye eceleni nibekela unyaka ozayo. Uku-boleka imali kumele kube wumcabango wokugcina – kungcono ukwenza konke usebenzisa imali onayo ukuze ukwazi ukulawula konke ngokwakho.

Sizobonana eNAMPO! 🍀

Izinkontileka... okumele kucatshangwe ngako

zezimvula ezihlukayo, kepha hhayi ekuthileni, ekutshaleni kanye nasekucheleleni lapho isivuno singenamthelela. Kungalindeleka ukuba kube nokwehluka lapho nalapho uma kubhekwa izinhlobo ezihlukile zemihlabathi kepha hhayi ngale ndlela ekwenzeka ngayo manje. Indlela yokudayisa yezimakethe ezikhululekile isiza ukukhipha okungajwayelekile, kepha hhayi ngaphambi kokuba kube khona abalimalayo ezinhlangothini zombili – umfama kanye nosonkontileka.

Kunzima ukubeka inani okumele lilandelwe ihektha ngalinye. Kunezinto eziningi ezihlu-kanisa ibhizinisi ngalinye. Ubukhulu, iminyaka kanye nezindleko zetraki nama-*implements* kona kwehluka kusonkontileka ngamunye – njengoba imishini yomfama ngamunye ongenisa inzuzo kanye nesimo sezindleko sehluka komunye nomunye. Ukwehluka kwamahlektha kuba nomthelela izindleko zamatraki kanye nama-*implements* ezibekiwe ihektha ngalinye. Usonkontileka ngamunye naye unendlela ahlela ngayo izindleko zakhe. (Isibonelo esisodwa – amatraki, ama-*planter* kanye nemishini yokuvuna ehlukile zonke zidinga amakhono ahlukile – lokhu kuzoba nomthelela eholweni lalowo olawula umshini).

Inhloso yalo msebenzi ukubheka izinto ezimbalwa eziveza izindleko zomfama, uma ekwazile ukuzithengela eyakhe imishini, ukuze alime emhlabeni obukhulu buthize. Lokhu akusho ukuthi “siyayalela” kosonkontileka – kepha “ukudla nje kwengqondo” – kumfama kanye nosonkontileka.

Siyethemba ukuthi kuzoba umhlahlandlela wemicabango kanye nezingxoxo ukuze “kulungiswe” amareyithi ngaphambi kokuba kuhlwe kwabanye.

Amathebula 1 - 3 akhombisa izifinyezo zezindleko ezishintshwe lapho nalapho. Ushintsho olwenziwe lwesekwe phezu kolwazi olutholakala encwadini i-“*Guide to Machinery Costs*” yona yangoNovemba ka-2014 etholakala kuwebsaythi yoMnyango weZolimo, i- www.daff.gov.za/as. (Le websaythi iyahlongozwa ku-*ARC-LNR Maize Information Guide* ka-2014 isandulelo sayo esibhalwe nguDktl. J Le Roux. Le ncwadi isebenza njengomhlahlandlela ukuze kube khona ukulingana nokufana kwamanani.

Amathebula afaka futhi akhiphe loku okulandelayo: Impilo yetraki ibalelwa ku-12 000 amahora, kanti ama-*implements* wona abalelwa ku-2 500 - 3 000 amahora, lapho kusetshenziswa okungenani u-1 000 no-250 amahora, (sithi nje iminyaka eyi-10).

Amanani amafutha awafakwanga kula mathebula ngoba inani lamafutha lishintsha njalo kanti nosonkontileka nabo basebenza ngehektha ngalinye ungekabali amafutha. Amaholo nawo awafakwanga.

Izindleko ezimile kubalwa kuzo ukwehla kwamandla emali, amaphepha agunyaza ngokomthetho, umshwalensi kanye nesiqinisekiso sokuthi umshini ubonelelwe ngezimali ngentela ka-9,5% ngonyaka. (Ukwehla kwamandla emali yisimiso esibekiwe ukunikeza ngenqola entsha,





Ithebula 1: Isifinyezo sezindleko.

Itraki		Amadla okufunekayo	Kuncike enanini lokuthenga	Izindleko ezimile ihora ngalinye	Izindleko ezishintshayo ihora ngalinye	Isamba sezindleko ezimile ihektha ngalinye	Isamba sezindleko ezishintshayo ihektha ngalinye	Isamba sezindleko ihektha ngalinye
Ikhuba	98+kW	Phakeme	950 000	80,600	95,06	140,27	165,44	305,71
I-offset	98+kW	Phakeme	950 000	80,600	95,06	105,36	124,26	229,62
Umbhede wembewu	63+kW	Semaphakathini	650 000	55,300	63,12	33,36	38,08	71,44
Isitshalo	98+kW	Phakeme	950 000	80,600	95,06	43,90	51,78	95,68
Umugqa wesilimo	63+kW	Semaphakathini	650 000	55,300	63,12	50,83	58,01	108,84
Isifafazi	63 kW	Phansi	350 000	49,710	36,32	8,12	5,93	14,06

Ithebula 2: Isifinyezo sezindleko.

I-implement		Ncike enanini lokuthenga	Amamitha obude	Ijubane ihora ngalinye	Indawo ngamamitha	Indawo ngamamitha 85% umthelela	Amahlektha ihora ngalinye	Amahora ihektha ngalinye	Izindleko ezimile ihektha ngalinye	Izindleko ezishintshayo ihektha ngalinye	Isamba sezindleko ezimile ihektha ngalinye	Isamba sezindleko ezishintshayo ihektha ngalinye	Isamba sezindleko ihektha ngalinye
Ikhuba	7 i-tine chisel	80 000	2,6	2,6	6 760	5 746	0,575	1,740	50,35	16,72	87,63	29,10	116,72
I-offset	26 i-disk HD	160 000	3	3	9 000	7 650	0,765	1,307	95,94	38,25	125,41	50,00	175,41
Umbhede wembewu	6,5 m 25 i-tine	160 000	6,5	3	19 500	16 575	1,658	0,603	130,39	86,04	78,67	51,91	130,58
Isatshalo	6 imigqa, 9 m	395 000	5,4	4	21 600	18 360	1,836	0,545	340,91	181,21	185,68	98,70	284,38
Umugqa wesilimo	6 imigqa	80 558	3,2	4	12 800	10 880	1,088	0,919	48,50	32,22	44,58	29,61	74,19
Isifafazi	12 m	45 715	12	6	72 000	61 200	6,120	0,163	45,87	15,24	7,50	2,49	9,99

Ithebula 3: Isifinyezo sezindleko.

Isamba sezindleko	Izindleko zetraki ihektha ngalinye	Izindleko ze-implement ihektha ngalinye	Isamba sezindleko ihektha ngalinye	Amakhilogremu ommbila adingekayo ihektha ngalinye ngo-R2 300 ithani ngalinye
Ikhuba	305,71	116,725	422,43	183,67
I-offset	229,62	175,412	405,03	176,10
Umbhede wembewu	71,44	130,576	202,02	87,84
Isitshalo	95,68	284,379	380,05	165,24
Isihlakuli semigqa yesilimo eyi-6	108,84	74,191	183,03	79,58
Isifafazi	14,06	9,985	24,04	10,45

kususwa iresijuwali (ukudayisa futhi) enanini lika-100%. Ngamanye amagama u-90% wezindleko zomshini ziyasulwa eminyakeni eyishumi.

Izindleko ezishintshayo ukulungisa kanye nokunakekela. “Umhlahlandlela” uyachaza ukuthi kuzima ukuqinisekisa lezi zindleko ngenxa yokuthi ziningi izinto okumele zibhekwe. Izinombolo zese-ke phezu kwephesenti lezindleko.

Siyethemba ukuthi lokhu kuzonika umfama kanye nosonkontileka “okuthile angacabanga ngako”.

Inzuzo yamapulazi amancane yincane nayo. Ukulima kungothando, ukholo kanye nokuzinikela – akusiyo indlela “yokuceba masinyane”, kepha, kungaba kuhle uma amafama ebengakwazi ukuba

nempilo enhle ngenxa yemizamo yabo, ngaphandle kokuba baxhashazwe ngob abengenayo imishini edingekayo.

Masisebenzisaneni, sisizane futhi sithole ukuzimelela okuhle – senzela uwonkewonke, senzela ezolimo, senzela ukuvikeleka kokudla futhi senzela nezwekazi lethu esilithandayo iNingizimu Afrika. 🌱

I-athikhili ibhalwe nguRaymond Boardman, Umfama kanye noMqeqeshi waseVentersdorp, esifundeni saseNyakatho neNtshona. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyili ku-rhboardman@gmail.com.



IMPAHLA ENHLE

– ukuthenga imishini okuvumelekile

Ukuthengwa kwemishini kanye nempahla yezolimo kumele kwenziwe ngendlela ehlelekile. Uma uthenga umshini omusha ozowusebenzisela umsebenzi wokulima epulazini lakho usuke wenza isinqumo esihambisana nebhezini.

Okuthengayo kumele kuncike ezintweni ezimbalwa ezibalulekile; A) Uyawudinga na?; B) Ngabe ufanele ubukhulu bomhlaba osebenza kuwona?; C) Ungakwazi ukuwukhokhela?; D) Ngabe uzosiza ukukhulisa nokuthuthukisa ibhizinisi lakho? Ukuthenga impahla yasepulazini akumelanga kube yisinqumo esithathwa siphuthuphuthu, kepha kumele kucatshangiswe kahle. Kule-athikhili sizobheka izinto ezinqala uma uzothenga imishini ehambisana nezidingo zakho.

Ngesinye isikhathi uyalingeka ukuba ubheke imishini emisha yona ecwebezelayo futhi yesimanjemanje. Ulingeka uze ucabange nokuwuthenga lowo mshini. Kepha akumele uthathe isinqumo ngaphansi kwalezi zizathu. Cabanga ngalokhu okulandelayo ngaphambi kokuba uthathe isinqumo.

Uyawudinga na?

Thenga nje kuphela uma uwudinga lowo mshini. Uma unomsebenzi wokulima asikho isidingo sokuba uthenge impahla yokusika utshani ukuze buzokomiswa. Yebo kungaba kuhle ukuba wenze imifuqulu yokudla kwemfuyo usebenzisa izinsalela zezilimo, kepha loku akubalulekanga emsebenzini wokulima. Kungcono wonge leyo mali, uyongele okuthile okubalulekile okufana neboom sprayer noma iplanter. Cabanga ngalokho onakho. Uma uneplanter esebenzayo eshabhu lakho, asikho isidingo futhi sokuthi uthenge enye entsha. Uzoyithenga uma lena ingasasebenzi kahle. Nakelala futhi ugcine imishini yakho isesimeni esihle ukuze ungazitholi usufanele ukusebenzisa imali yakho emishinini kunganasidingo. Siyafika njalo isikhathi sokuthenga imishini emisha nengcono, kepha loku kumele kwenziwe ngokucophelela.

Ufanele ubukhulu bomhlaba osebenza kuwona na?

Awudingi iplanter yemigqa eyisishiyagalolunye uma uzotshala amahektha amathathu kuphela ommbila kule sizini. Kumele wazi ongeke wakwazi ukukwenza noma lapho ungeke wafinyelela khona. Uma uzotshala amahektha aphakathi kwelilodwa kuya kwamathathu wonke umsebenzi wakho ungawenza usebenzisa impahla yezandla.



Sebenzisa imishini efanele izidingo zakho.



Nakelala futhi ugcine imishini yakho isesimeni esihle sokusebenza.



Ukulungisa i-planter futhi uqinisekise nokuthi isebenza ngendlela efanele.

Lena yimpahla okumele uyisebenzise: amageja okutshala, amaknapsack sprays, amabhala okuchelela umanyolo kanye namapiki esandla ukulawula ukhula. Umsebenzi ozodinga itraki yilowo wokudiska ngaphambi kokuqala kwesizini. Uma umsebenzi wakho uphakathi kwamahlektha amathathu kuya kwayi-100 uzodinga imishini emincane efana ne-planter encane, i-three point boom spray, isicheleli sikamanyolo kanye netraki encane. Nakuwo lo mhlaba ongaka, akudingeki ukuba kusetshenzise yonke imishini. Ungacela abezinkontileka ukuba bazohlenganisa umhlaba wakho ngoba ukuthenga icombine harvester uyithengela umsebenzi omncane ngale ndlela ngeke kwalunga.

Kunezibonelo eziningi ezinhle zamafama asungula ama-co-operatives ngenhloso yokugwe-

ma ukuthenga impahla ebizayo umuntu eyedwa. Le ndlela isebenza kahle uma ilawulwa ngendlela efanele. Amafama ahlanganisa imali ukuze athenge itraki noma iplanter bese onke amalunga eyisebenzisa ngesizini yokutshala. Kubalulekile ukuba nohlelo lokusetshenziswa kwalowo mshini ohlanganyelwe ngaphambi kokuqala kwesizini. Lolu hlelo luzosho ukuthi umshini usetshenziswa njani. Onke amalunga kumele ahambisane nohlelo.

Uma utshala amahlektha ayi-150 nangaphezulu kuhle ukuthenga eminye imishini okungeyakhona. Ungasebenzisa abezinkontileka ukwenza eminye yemisebenzi emikhulu kakhulu efana nokuvuna. Kepha noma kunjalo kusamele uthenge eminye yemishini ebalulekile nedingekayo ukwenza umsebenzi wakho ube lula.

Ungakwazi ukuwukhokhela na?

Lona kuhlala kungumbuzo omkhulu nobalulekile ukuba uzibuze wona. Qinisekisa ukuthi ukholelwa ekutheni ungakwazi ukuwukhokhela umshini owuthengayo. Abadayisi bazokwenza konke okusemandleni abo ukuqinisekisa ukuthi uyakwazi ukuyithenga impahla oyifisayo. Ngiyaleza ukuba ungathathi izindlela zokubonelela ngemali ezihlongozwayo uma uzothenga impahla entsha. Ungasala unenqwaba yezikweletu uma isikhathi semali ebolekiwe sesiphelile. Thenga impahla kuphela uma ukholelwa ukuba ungayikhokhela, hhayi ibhange noma abadayisi.

Ngabe ungathuthukisa futhi ukhulise ibhizinisi lakho na?

Ukuthenga impahla entsha kumele kufake okuthize ebhizinisini lakho. Udinga ukuba lo mshini owuthengile uzikhokhele ngokwawo. Uma usuthenge i-planter yemigqa eyi-6 wayeka leyo obunayo yemigqa e-4 uzokwazi ukutshala amahlektha amaningana ngesikhathi esifanayo. Ngakho-ke kumele ufune amahlektha okumele uwatshale ukuze wandise ibhizinisi lakho futhi ukhokhele leplanter entsha masinya. Mhlawumbe ungakwazi nokwenza umsebenzi wakho masinya okungakupha isikhathi sokuba uqashise ngomshini wakho ukuze ukwazi ukwenza imali engaphezulu yokuwukhokhela. Uma ushesha ukukhokhela umshini wakho uzoshesha wona ukukungenisela inzuzo.

Ukuthenga impahla akusiyo inti ongayigwema kwezolimo KEPHA kumele kube nesizathu esinqala. Indawo enhle yokufunda ngemishini emisha yisemcimbini woSuku lokuVuna lweNAMPO olubanjelwa eduze naseBothaville esifundeni saseFreystata. Kulo mbukiso uzothola konke kusukela empahleni encane kufikela kwenkulu. Kungaba futhi yindawo efanele ukuthola amakhawuthi bese uthenga ngoba kube nezaphulelo eziningi lapho eNAMPO.

I-athikhili ibhalwe nguGavin Mathews, iBachelor in Environmental Management. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-gavmat@gmail.com.

Pula Imvula's Quote of the Month

"Success does not consist in never making mistakes, but in never making the same one a second time".

~ Josh Billings





Isikimu se-Omnia sokuThuthukiswa kwaMafama

Umhlaba ongakhizi olimekayo ngenxa yezindlela zokulima ezingakhizi yinselelo enkulu ekuthuthukisweni kwamapulazi kanye nebhizinisi lezolimo

Ngokweqiniso, iNingizimu Afrika inamandla amancane kwezolimo uma uyiqhathanisa namanye amazwekazi aqophisanayo, kubalulekile-ke ukuthi umhlaba wokulima omncane okhona usetshenziswe kahle. Ngo-ombiko owethulwe wuMnyango wokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya nokuBuyiselwa kweMihlaba kusukela ngonyaka ka-1994 kuze kufikele kunyaka ka-2012 kudluliselwe amahektha ayi-6,971,293 womhlaba kumafama ansundu asafufusa (kanye nje nabanye abangalimi), kepha noma kunjalo futhi okudangalisayo ukuthi bayingcosana nje ababandakanyekayo ebhizinisini lezolimo.

Ku-athikhili yamaduze nje (Febhruwari 2015) ebhalwe nguDktl. Anthea Jeffrey we-*Institute of Race Relations* uye wacaphuna uMondli Makhanya ku-athikhili yango-2009 ngenkathi ethi; "Iningi labantu alifuni umhlaba ukuze lilime. Ngizibeka ebungozini bokuthi ngijeziswe, kepha ngizolibeka ngesihloko ukuthi iningi labahlali baseNingizimu Afrika abanandaba nomhlaba...sikhona yini isidingo sokuba sichithe amandla angaka sabela abantu umhlaba uma kusobala ukuthi iningi labahlali baseNingizimu Afrika lifuna ukuya emadolobheni amakhulu ukuyothola amathuba omsebenzi nenthuthuko lapho?"

Amazwi kaMakhanya aba yiqiniso uma ngonyaka ka-2013 u-8% kuphela wabangu-76 000 **ababefake izicelo zomhlaba ngempumelelo** abafuna ukubuyiselwa umhlaba wabo. Laba abangu-71 000 noma (92%) bona bacela ukunikezwa imali hhayi umhlaba.

UNgqongqoshe uNkwinti naye uyavuma ukuthi phakathi **kuka-73% no-90%** wamaphrojekthi omhlaba obuyiselwe awaphumelelanga. Uma siyibeka ngenye indlela le ndaba singathi uHulumeni

uchithe cishe u-**R30bn** wokubuyiselwa kwamahektha ayi-**7m omhlaba wokulimela inzuzo, iningi lawo ongasasetshenziswa."**

Kusobala manje ukuthi usemningi umhlaba ozodluliselwa kubanini abasha, lokhu kuba kuyinselelo-ke kwabezolimo ukuthi siqinisekise ukukhula kwebhizinisi. Isilinganiso somhlaba wamafama amancane sisazothatha isikhathi phambi kokuthi amafama amakhulu ahlanganiswe kube ngamabhizinisi asimamise umnotho wezwe. Lokhu kuzoba nomthelela omkhulu kundlela esenza ngayo ibhizinisi singabadayisi bama-*input*, ngisho nathi lapha kwa-Omnia.

Belungakabikho ucwaningo olwenziwe olubheka ukulahleka kwezimali kwezolimo ikakhulukazi kubadayisi bama-*input* ngenxa yomhlaba obukhiqiza othe uma sewabiwa wangabe usakhiqiza. Noma kunjalo kubalulekile ukwazi ukuthi ukulahleka kwezimali kumabhizinisi adayisa umanyolo sekuyacaca ngenxa yemihlaba engasakhiqizi, labo ababethengela imihlaba ekhiqizayo abasekho. Izindawo zaKwaZulu-Natali (Vryheid), zona seziqalile ukukhombisa izimpawu zokuntenga kwamabhizinisi.

Kusobala futhi ukuthi uma imihlaba ingasasetshenziswa ukulima emihlabeni ekhiqizayo manje, kuzomisa umsebenzi wokulima bese abadayisa ama-*input* bona belahlekelwa ngoba impahla yabo izobe ingasadingeki. Ngakho-ke, ukubandakanyeka kwamabhizinisi kwezolimo akumele kuphelele nje kuphela ekuthuthukiseni amafama asafufusa, kepha kumele kubekwe phambili **nokukhula kwaleli bhizinisi**. Ukuwa kwamabhizinisi adayisa ama-*input* ngenxa yomhlaba oshintsha izandla kuyaziwa futhi kuqoshiwe kwamanye amazwe; singabheka iZimbabwe njengesibonelo esiseduze.

Ezopolotiki nazo zinomthelela omkhulu kumabhizinisi ezolimo. Uma sibheka umthelela wokwa-

ba kabusha imihlaba kanye nokubuyisela imihlaba sibona umthelela oba khona uma izinkampani zezingangeni inzuzo ngoba imihlaba ingasakhiqizi. Kumele ukuba kutholwe indlela yokuqinisekisa ukuthi le mihlaba eyabiwa kabusha iyaqhubeka ukukhiqiza.

Isikimu se-Omnia

Umanyolo we-Omnia owumkhiqizo wethu kanye nesiqubulo sethu: "Senza amagugu amakhasimende ngamandla olwazi", zibandakanyeke embonini yamafama asafufusa. Sekuyiminyaka eyisishiyalombili manje kanti futhi sibonelela ngezimali sibuye seseke ngezinqeqesho ezidingekayo nokuhlenganisa abamabhizinisi kwezolimo.

Singabakwa-Omnia asidayisi imali kepha sisebenzisa amandla esinawo ukuqinisekisa ukuthi amafama asafufusa athola ukubonelelwa ngezimali abazidingayo. Lokhu kuyisiboniso sokuzimisela kwaka-Omnia embonini yezolimo. Kuze kube yinamuhla abakwa-Omnia babolekisanisa ngezimali (imali yokubolekwa) ezibonelela u-22 000 wamahektha andlaleke kusukela eNyakatho neNtshona, eFreystata, eMpumalanga, eGauteng, eMpumalanga neKapa kanye naseLimpopo (siqale kuyiskimu samahektha ayi-5 000 eminyakeni eyisishiyagalombili edule). Impumelelo yalokhu kukhula singathi ukuqeqesha, ukweseka kanye nokusebenzisa iteknoloji eyisixazululo sezidingo epulazini. 🍌

I-athikhili ibahlwe ngu-Aron Kole, UMphathi: Operations & Sales, (New Business Development) kanye noTshepo Maeko, UMphathi (New Business Development), e-Omnia. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-KoleAKole@omnia.co.za noma u-TMaeko@omnia.co.za.



Abakwa-Grain SA ba-inthavyuwa... uMnu. TH Tobo



Yazana noMnu. TH Tobo umfama osebenza nzima futhi ozimisele wasendaweni yaKwa Ndunge eBizana, yena olima ummbila, nubhontshisi owomisiwe, isoya kanye namabele. UMnu Tobo uncoma iqembu lokufunda lakwa-Grain SA ayingxenywe yalo ngempumelelo yakhe. “Kumele silonde umhlaba ukuze nawo usilonde,” yiseluleko uMnu. Tobo asinikeza amafama asafufusa.

Ngabe ulima kuphi futhi mangaki amahektha owalimayo? Ulima ngani ni?

Ngilima endaweni yaKwa Ndunge eBizana emhlabeni we-PTO engiwunikwe yiNduna. Manje (isizini ka-2014 - 2015) ngitshale amahektha ayi-10 alokhu okulandelayo: amahektha ayi-8 ommbila, ihektha elingu-1,2 lobhontshisi owomisiwe, ihektha elingu-0,4 lamabele. Ngiphokophelele ukwandisa amahektha ami ngesizini ka-2015 - 2016 ngezilimo zezinhlamvu.

Ngabe yini ekugqugquzelayo/ ekunika ugqozi?

Kunomthetho othi abantu kumele badle okungenani kathathu ngosuku – yiko loko okungigqugquzelayo. Angifuni ukubona abantu baseNingizimu Afrika belamba ngenxa yokwentuleka kokudla. Uma ngibheka ukuvunda komhlabathi, lokho kungigqugquzela kakhulu. Kukhona amazwe angatholi imvula enhle ngonyaka, kubandakanya nezinye izindawo lapha ezwenikazi lethu.

Chaza amandla kanye nobuthakathaka bakho

Amandla: Ngisebenza ngokuzikhandla futhi ngizimisele ukuphumelela.

Ubuthakathaka: Ngiyadangala uma ngingaphumeleli kulokho engikuhlosile.

Ngabe besingakanani isivuno sakho ngenkathi uqala ukulima? Singakanani isivuno sakho manje?

Ngikwazi ukuvuna isihlibi senkabi esisodwa sezikhwebu ezimbi ihektha ngalinye okulingana no-250 kg wommbila ngosuku. Namuhla angisakhulumi ngamakhilogremu. Sengikhuluma okungenani ngamathani ama-3 kuya ku-4,5 ihektha ngalinye. Soloko ngiqale ukuhlanganyela neqembu lokufunda lika-Grain SA, senginesivuno esihle esifiswa yimina.

Ucabanga ukuthi ngabe yini ebe nomthelela omkhulu enqubekeleni-phambili kanye nesasasa lakho?

Ukuba yingxenywe yeqembu lokufunda lakwaGrain SA yinto enkulu kakhulu futhi enomthelela omkhulu kwisasasa lami. Ukuqeqeshwa, ikakhulukazi isifundo zokuKhiqizwa koMmbila sivule amehlo ami ngokulima. Ngaleyo minyaka ngangingazi ukuthi ukusampula umhlaba kubalulekile ukuze ukhiqize isilimo esihle futhi nokuthi ukwazi ukulonda ingcebo yendalo.

Ngabe ngeyiphi ingqeqesho osuyitholile kuze kube yimanje? Ungathanda ukuqhubeka uqeqeshelwe ini na?

Ngiphothule izifundo zokuKhiqizwa koMmbila, Izinkontileka, Ukulungiswa kwamatraki kanye nama-*implements*. Ngingathanda ukuqhubeka ngifundiswe ngokukhiqizwa kwesoya kanye namabele. Ukufunda akusiwo umyalelo kepha yisidingo. Ngikhuluma ngesoya kanye namabele ngoba yizona zilimo ezibukeka zizintsha emikhqizweni yamanje. Zanyamalala ngeminyaka yawo-70. Ngibusiseke futhi nangengqeqesho engiyiphothule ngonyaka ka-2014 wokuKhiqizwa kweSoy Sip ngenkathi kufika izinkomo.

Ngabe uzibona ukuphi eminyakeni emihlanu ezayo? Ungathanda ukuzuzana ini na?

Ngizibona ngingumfama ongenisa inzuzo ngikhqizwa imikhqizwa esezingeni eliphezulu ngenzela izwe lethu. Njengomfama inhloso yami ukufinyelela izivuno ezinkulu. Inhloso yami enkulu ukubona inkomo yesoya (*soy cow*) kuyiyona mboni ehamba phambili lapha endaweni. Okwamanje isezingeni eliphansi lapho idliswa abafundi abangama-96 iviki neviki.

Ungawuleka uthini amafama asathuthuka?

Iseluleko sami ukuthi yiba yilunga leqembu lokufunda ngoba yilapho sabelana khona ngolwazi nabaqeqeshi bethu. Ngicela futhi ukuthi amafama asafufusa aqaphele ukulondwa komhlabathi ngoba isimo esishintshayo sezulu sidinga ukuba kuse-tshenziswe izindlela ezintsha zokulima. “Kumele silonde umhlaba ukuze nawo usilonde.”

I-athikhili ibhalwe nguHouseham, uMqondisi weSifunda wakwa-Grain SA, eKokstad. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-kokstad@grainsa.co.za.

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324
7 Collins Street, Arboretum

Bloemfontein

▶ 08600 47246 ◀

▶ Fax: 051 430 7574 ◀ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson

▶ 082 854 7171 ◀ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebe

▶ 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE NOKUSHICILELA

Infoworks

▶ 018 468 2716 ◀ www.infoworks.biz



IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,

IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Uhlelo lweGrain SA

LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Danie van den Berg

Free State (Bloemfontein)

▶ 071 675 5497 ◀ danie@grainsa.co.za

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)

▶ 079 497 4294 ◀ johank@grainsa.co.za

▶ Office: 051 924 1099 ◀ Dimakatso Nyambose

Jerry Mthombathi

Mpumalanga (Nelspruit)

▶ 084 604 0549 ◀ jerry@grainsa.co.za

▶ Office: 013 755 4575 ◀ Nonhlanhla Sithole

Vacant

Mpumalanga (Belfast)

Jurie Mentz

KwaZulu-Natal (Louwsburg)

▶ 082 354 5749 ◀ jurie@grainsa.co.za

▶ Office: 034 980 1455 ◀ Sydwel Nkosi

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)

▶ 078 791 1004 ◀ ian@grainsa.co.za

▶ Office: 039 727 5749 ◀ Luthando Diko

Lawrence Luthango

Eastern Cape (Mthatha)

▶ 076 674 0915 ◀ lawrence@grainsa.co.za

▶ Office: 047 531 0619 ◀ Cwayita Mpotyi

Liana Stroebe

Western Cape (Paarl)

▶ 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

▶ Office: 012 816 8057

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)

▶ 082 877 6749 ◀ dutoit@grainsa.co.za

▶ Office: 012 816 8038 ◀ Lebo Mogatlanyane


Vusi Ngesi

Eastern Cape (Maclear)

▶ 079 034 4843 ◀ vusi@grainsa.co.za

▶ Office: 012 816 8070 ◀ Sally Constable

Articles written by independent writers are
the views of the writer and not of Grain SA.



Zilungiselele uma uya

ekuqulweni kwecala kwa-CCMA

Ku-athikhili edlule siye saveza ukuthi ikhomishani yeZokubuyisana, Ukuxolelana kanye nokuLamula (i-CCMA) isungulwe njengomzimba ozimele, ongachemile futhi oxazulula izingxabano. Inhloso kube ngukugqungqela ukuphathwa kwabasebenzi ngendlela efanele kanye nokuxazulula izingxabano khona endaweni yokusebenza.

Sishilo futhi ukuthi abasebenzi bangahambisa amacala okuxoshwa, amaholo anganelisi, izimo abasebenza ngaphansi kwazo ezingezinhle, ukucwaswa ngokombala noma ngobulili kanye namacala okuhlukunyezwa ngokocansi kwa-CCMA. Kuyabonakala futhi ukuthi abasebenzi ngempela bayaya kwa-CCMA ukufuna usizo uma bebona sengathi abaphathwanga ngendlela efanele ngumqashi, ikakhulukazi uma bexoshiwe.

Ngakho-ke abaqashi kumele bazi ukuthi amathuba okumukiswa kwa-CCMA makhulu kakhulu. Umbuzo okumele umqashi azibuze wona ukuthi "uma ngimukiswe kwa-CCMA yini okumele ngiyenze ukulungiselela ukuqulwa kwecala na?" Umqashi unezindlela ezimbili zokubhekana naleli cala. Uma uyilungu leNhlangotho yaBaqashi bona bazokumela enkantolo, kanti uma kungenjalo unga-zimela wena qobo lwakho.

Noma ngabe yisiphi isimo obhekana naso, okubalulekile ukuthi uzilungiselele. "Ukwehluleka ukuzilungiselela kusho ukwehluleka", okusho ukuthi ungadala umonakalo omkhulu ecaleni lakho uma wena noma Inhlangotho yaBaqashi nivela phambi kwenkundla ningazilungiselele. Isu ukuthi ningazilungiseleli kuphela icala lokubuyisana, kepha nizilungiselele nanoma ngesiphi isinxephezelo esingalindeleka. Kumele uqinisekise ukuthi uyakwazi okuhambisana nomyalelo wokubuyisela isisebenzi noma ukusinxephezela ngemali.

Ukukhombisa ukuthi uzilungiselele ngempela onke amaphepha akho kumele abe ngendlela afuneka ngayo. Uma uzimela noma kukhona okumelayo kuzoba kuhle kuwe uma okulandelayo kutholakala:

- I-ogonogram yebhizinisi lakho;
- Imithetho yokuziphatha yebhizinisi lakho;
- Inkambiso yokuqondisa izigwegwe nezigwebo; kanye
- Ifayela laleso sisebenzi kanye nefomu lakhe lesicelo somsebenzi, inkontileka yokusebenza, ikhophi kamazisi, kanye namanye amadokhumenti abalulekile afana nezitifiketi, amadokhumenti elivu, onke amadokhumenti okuqondiswa kwezigwegwe, njll.

Lokhu okulandelayo nako kuyadingeka:

- Ikhophi yesexwayiso sakwa-CCMA ukuthi icala limukiswe kubona;
- Amakhophi ezingxoxo phakathi kwakho naba-kwa-CCMA;
- Isifinyezo sezehlakalo ngokulandelana kwazo;
- Ikhophi yamaminihi okuthethwa kwamacala;
- Amaphepha amaholo ezinyanga eziyisithupha ezedlule;
- Ikhophi yencwadi yokuphela komsebenzi uma exoshiwe;
- Ikhophi yedokhumenti yemendethi yakwa-CCMA; kanye
- Nesivumelwano sesinxephezelo sepro-forma uma kuvunyelwe ngokunxephezela.

Uma kulethwe icala, zombili izinhlangothi zizobizwa ukuba zizothamela umhlangano. Uma oyedwa walamaqembu ehluleka ukuvela njengokuyalelwe ikhomishani lizoqhubeka ngecala. Qinisekisa ukuthi uthatha wonke amadokhumenti afanele nawe. Yiba nohlu lokuhlola. Yenza futhi namakhophi amanye amabili amadokhumenti abalulekile, eyodwa kakhomishani neyodwa yesisebenzi.

Khumbula ukuthi njengomqashi kumele ukwazi ukubonisa ukuthi ukuxosha kwakho lesi sisebenzi bekufanelekile futhi kusemthethweni. Lokhu kusho ukuthi umqashi nguyena othweswe icala. Ngenxa yemisebenzi ye-CCMA kuvame ukuthi kuzwelanwe nesisebenzi. Abaqashi abaningi bazithole sebela-hlekelwa ngenxa yokungabi nobufakazi obufanele obungamaphepha asefayelini. Uma ungenawo amarekhodi afanele uziveza ungumphathi omubi, okuyinto ofuna ukuyigwema. Ngisho noma ungaba nesisebenzi esisodwa kumele uqinisekise ukuthi amarekhodi akho angu-100% ngendlela okumele abe yiyona.

Ukuze ube nesasasa kwezolimo njengomfama wesimanjemanje, kungakhathalekile ukuthi ibhizinisi lakho likhulu kangakanani, ngezinye izikhathi kuyadingeka ukuthi ubeke isipaneli sakho sika-13 mm eceleni usebenzise ipeni lomsizi eliloliwe. Khumbula ukuthi inkambiso esezingeni elihle yokuqashwa noku-phathwa kwabasebenzi kunikeza amathuba amahle okuphumelela uma ubhekene nabakwa-CCMA.

I-athikhili ibhalwe nguMarius Greyling, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyli ku-mariusg@mcgacc.co.za.

THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST